



eduresourceza.com

TEACHERS WITHOUT BORDERS PROGRAMME

BROUGHT TO YOU BY



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

With grateful thanks to our associate partners, The [National Department of Basic Education](#), The [Independent Examinations Board](#), [Siyavula Education](#), [Smarticks](#), [Noteshare](#), [Lemonlicious](#), [datacentrix](#), and most of all, to the schools and teachers from both the public and private education sectors who as founder contributors, have lent content to the [Teachers without Borders programme](#), for the benefit of all South Africa's learners.

In Bill Gates words, at the Mandela Day 'Living Together' address: "Maintaining the quality of this country's higher education system while expanding access to more students will not be easy. But it's critical to South Africa's future" – working together, we can help achieve this."

Contributing schools to date:

Clifton School	Milnerton High	Rustenburg Girls' High	St Peter's
Durban Girls'	Northwood High	St Anne's DC	St Stithians
Fairmont High	Roedean	St John's DSG	Wynberg Boys' High
Herzlia High	Rondebosch Boys'	St Mary's DSG Kloof	Wynberg Secondary

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
IPHEPHA LOKUHLOLWA KWAPHAKATHI NONYAKA
IBANGA 9 2019**

**ISIKHATHI :1H30
AMAMAKI : 80**

**USUKU : 5
KUNHLANGULANA 2019 INDAWO: GYM HALL**

QAPHELA LOKHU:

1. Leli phepha lineziqephu **EZINTATHU**.
2. Phendula **ZONKE** iziqephu.
3. Phendula yonke imibuzo yakho ngesiZulu.
4. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo esicacile.

NGINIFISELA INHLANHLA

ISIQEPHU A

ISIFUNDO SOKUQONDISISA

Umbuzo1

Fundisisa le ndantshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngu *Saturday* ekuseni, ngisendleleni eya e-ICC eDurban. Angikholwa ukuthi ngiwine ithikithi lekhonsathi kaJustin Bieber. Ngizobe ngihleli phambili. Mhlawumbe ngizokwazi nokumthinta nje. Ngiyjabula ukuthi isoka lami uZakhele uvakashele ubaba wakhe eLadysmith. Phela ubezoba nomona ebona indlela engimjabulela ngayo uJustin Bieber.



Ngempela ngahlala phambili ezihlalweni zokuqala. Kwaqala kwangena uNasty C walandelwa uVusi Nova. Kwaba sengathi bathatha isikhathi eside phela angisakwazi ukulinda. Ekugcineni wangena uJustin Bieber ngeculo lakhe elingichazayo elithi “*What do you mean*”. Kwase kuthi angizule injabulo, uyena ngempela, wayemi phambi kwami. Lapho mina ngase ngishutha ngishuthile ngibuye ngithathe nevidiyo njengoba ecula nje. Umsindo owawulapho, phela yonke intsha yayifike ngobuningi bayo. Mina nomngani wami uJesta sase sikhala mi izinyembezi zenjabulo. Angiphathi kona uma eke wadansa. Ngase ngibona kahle nje ukuthi kukhona thina sobabili la e-ICC.

Wayecula aze agobe. Awu nami ngithole nethuba lokumthinta, kwakungathi ngithintwa ugesi. Ngafunga ukuthi ngeke ngiphinde ngisigeze isandla sami. Ngangilokhu ngisibuka nje ngimoyizele, kube sengathi usasibambile. **Ngesikhathi sekhefu** ngangingafuni ngisho ukuyothenga isiphuzo esibandayo ngesaba ukuthi kukhona ozothatha indawo yami uma ngike ngasuka.

Wabuya eseshintshile esegqoke okunye futhi esemuhle ngenye indlela. Uthe uma engena esiteji wathi uzobiza abalandeli bakhe bazodansa naye. Ngazitshela nje ngaphakathi ukuthi nanto ke ithuba lami. Wabe esememeza kakhulu wathi ‘*Anybody by the name of Grace in the house, should come up and dance with me*. Angikholwanga ukuthi ubiza igama lami. **Nezihlwele** zase zimemeza zithi ‘Grace, Grace, Grace’. Ngasukuma, ngagxuma naye welula isandla ukuba angemukele.

Ngithe sengisesitebhisini sokugcina ngashibilika (slipped) ngawa. Ngathuka ngaphaphama. Awu madoda kanti ngilele, ngiyaphupha. Maye! Ngizumeke ekilasini

ngenkathi uthisha ethi asibhale ngomculi wethu esimthandayo. Uthisha usemi phambi kwami, ikilasi liyahleka liyamemeza, “Grace, Grace, Vuka!

Imibuzo

- 1.1 Ubani igama lesoka lika Grace? (1)
- 1.2 Lalikuphi nendawo leli khonsathi? Bhala indawo nedolobha. (2)
- 1.3 UGrace walithathaphi ithikithi lokungena kulekhonsathi? (1)
- 1.4 Wayehamba nobani uGrace kuleli khonsathi? (1)
- 1.5 Bhala lamagama alandelayo ngesizulu.
 - 1.5.1 eDurban (1)
 - 1.5.2 uSaturday (1)
- 1.6 Bhala abaculi ababili abacula ngaphambi (before) kukaJustin Bieber. (2)
- 1.7 Phendula ngokuthi **iqiniso** noma **amanga**
 - 1.7.1 UGrace wayephelezele umngani wakhe. (1)
 - 1.7.2 Isoka likaGrace lisebenza eLadysmith. (1)
 - 1.7.3 UGrace waphuthuma wayothenga isiphuzo ngesikhathi sekhefu. (1)
 - 1.7.4 Kulekhonsathi kwakungcwele abantu abasha. (1)
- 1.8 Endabeni thola amagama **amqondofana** (synonyms) nalawa
 - 1.8.1 mamatheka (esigabeni 3) (1)
 - 1.8.2 Intokozo (esigabeni 2) (1)
- 1.9 Khetha impendulo efanele kubakaki (brackets)
 - Izihlwele abantu (abangingi ndawonye, abacula ndawonye) (1)
- 1.10 UGrace umthanda ngokweqile uJustin Bieber. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.11 Tomula amagama amabili endabeni akhombisa ukuthi uGrace ungumfundi (learner) futhi usesikoleni. (2)

[20]

Umbuzo 2

Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo



- 2.1 Ngubani umbhali wale khathuni? (1)
- 2.2 Laba abakulekhathuni bashadile. Yebo noma Cha. Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.3 Bangaki abantu abakule khathuni? Bhala ngesizulu. (1)
- 2.4 Bhala igama eliphikisana nelithi: **inkosikazi**. (1)
- 2.5 Ucabanga ukuthi wenzani uMkaBhoza? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.6 Uphetheni uBhoza? (1)
- 2.7 Ngubani oqale lenkulumo phakathi kukaBhoza noMkaBhoza? (1)
- 2.8 Le khathuni eyangeluphi usuku? Bhala inyanga ngesizulu (1)

[10]

Amamaki esiqephu A = [30]

ISIQEPHU B IZINKONDLO

Umbuzo 3

3.1 Khetha impendulo kulezi ezisebhokisini.

Isathaya, I-eleji, Isonethi, I-ephikhi, elandayo, ilirikhi
--

3.1 Inkondlo enemigqa eyishumi nanye. (1)

3.2 Inkondlo egxekayo (critisising). (1)

3.3 Imbongi ikhuluma ngokushonelwa isithandwa sayo. (1)

3.4 Inkondlo enesigqi somculo. (1)

[5]

Umbuzo 4

Funda inkondlo ethi **THEMBA LAMI** bese uphendula imibuzo elandelayo.

THEMBA LAMI

1 Ulethe ukukhanya empilweni,
Lapho ngidukuza ebumnyameni
Wangiqoqa ngabuya ekudukeni,
Laqala lahluma ithemba,
Ngazibona ngifanelwe ukuphila

6 Amazwi akho ankenteza ezindlebeni,
Ngalala ngiphenduka ngizibuza,
Ngabe ngempela uqinisile,
Noma izethembiso eziwangala
Ngema isibindi ngakugaxa ucu.

11 Sesiphakathi emkhunjini wothando.
Ngithemba uyazi sibhekephi

Ngibheke wena ngicela ungangiphox.i

Ungangishayi, ungangibhangqi, ungazise.

Imibuzo

- 4.1 **Luhlobo** luni lwenkondlo lolu? (1)
- 4.2 Kuchaza ukuthini lokhu: **Ngalala ngiphenduka** (1)
- 4.3 Ngubani ogaxa omunye ucu, owesilisa noma owesifazane? (1)
- 4.4 Ithini **indikimba** yalenkondlo? (1)
- 4.5 Le nkondlo inomoya (wokuduba, wokuncenga). (1)
- 4.6 Uthini **umyalezo** (message) wale nkondlo? (2)
- [7]**

Umbuzo 5

Funda le nkondlo engafundwanga ekilasini bese uphendula imibuzo.

UTSHWALA



- 1 Impelasonto iyize ngaphandle kwakho,
- 2 Imishado iduma ngaphandle kwakho,
- 3 Imemulo ayinambitheki ngaphandle kwakho,
- 4 Amaphathi awamnandi ngaphandle kwakho.
- 5 Bayakuthanda abakuthandayo,
- 6 Bayakuzonda abakuzondayo,
- 7 Banesibindi abakuphuzayo,
- 8 Bangamagwala abakuphuzayo.
- 9 Ubahlekisa bengahleki,
- 10 Bahlek' inhlinini behlek' ubala,
- 11 Usungaphakathi ezibilini,
- 12 Usungaphakathi engqondweni.
- 13 Bakhal' ubumayemaye,
- 14 Bengakuthintanga ngomlomo,
- 15 Ngawe kuvuvukala imilomo.
- 16 Ngawe sebelele kobandayo.
- 17 Ubashaya bakekele okwelanga lasebusika,
- 18 Ubashaya bamoyizele okukamakoti ebon' umyeni,
- 19 Amandla akho ehlula indoda kungaliwa,
- 20 Uyibhubesi elehlula amadoda, kungaliwa.

5.1. Imigqa yalenkondlo yonke ivulekile NOMA ivalekile? Sekela

impendulo yakho.

(2)

5.2 Bhala lokhu okulandelayo okutholakala kule nkondlo engenhla:

5.2.1 Ukuxhumana siqalo

(1)

5.2.2 Ukuxhumana sigcino

(1)

5.2.3 Imvumelwano siqalo

(1)

5.2.4 Imvumelwano sigcino

(1)

5.3 Phawula (mention) **okukodwa** ngezitanza zale nkondlo.

(1)

5.4 Inemigqa emingaki le nkondlo. Bhala impendulo ngamagama.

(1)

[8]

Amamaki esiqephu B= [20]

ISIQEPHU C UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Umbuzo 6

Buka lemfanekiso bese uphendula imibuzo.



6.1 **Faka izivumelwano** ezifanele kule misho elandelayo. Bhala umusho uphelele.

6.1.1 USam Smith -mculi odumile. (1)

6.1.2 Abaculi –fika ngebhanoyi. (1)

6.1.3 Intombazane – idlala isigingci. (1)

6.1.4 Izihlwele – shaya izandla kakhulu. (1)

6.2 Qala lo musho njengoba ukhonjisiwe.

UZahara uthatha isinqumo esinzima somshado.

6.2.1 Izolo..... (1)

6.2.2 Kusasa..... (1)

6.2.3 Ngonyaka odlule..... (1)

6.3 Gcwalisa ezikhaleni njengoba ukhonjisiwe. Bhala inombolo nempendulo kuphela.

Isenzo	Ibizomuntu	Ibizonto
Isibonelo: -dansa	umdansi	Umdanso
-cula	6.3.1	umculo
-dlala	umdlali	6.3.2
-thandaza	6.3.3	6.3.4
-bhala	umbhalo	6.3.5

(5)

6.4 Yakha imisho emibili elula ngalamagama alandelayo ukhombise ukuthi asho izinto ezingafani.

6.4.1 Bheka (1)

6.4.2 Beka (1)

Umbuzo 7



7.1 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo.

7.1.1 **Ubuso** bukamakoti buhle. (1)

7.1.2 **Indoda** ayizithandi **izingane**. (2)

7.1.3 Wakhipha **izandla** zakhe ezincane wamfaka indandatho (1)

7.2 Bhala **izifinyezo** zala magama.

Isibonelo: Dokotela – dkt

7.2.1 Mnumzane (1)

7.2.2 Nkosikazi (1)

7.3 Nikeza **ubuningi** (plural) bamagama afakwe kubakaki (brackets). Bhala igama nempendulo kuphela.

7.3.1 Umakoti wakhe wathenga (ibhuku) (1)

7.3.2 (Ukudla) kwakukuningi emshadweni. (1)

7.3.3 Bacela (umfundisi) ukuthi athandaze. (1)

7.3.4 USenzo wazikhipha zonke (inkomo). (1)

7.4 Bhala **ubulili besilisa** balamagama abhalwe ngokugqamile.

7.4.1 **Umalumekazi** uthi uzohamba nathi ukuya eholidini. 7.4.2 **Inkosazana** kababa yona ayithandi kodwa 7.4.3 **udadewethu** uthi angahamba nathi ngoba izobe ikhona 7.4.4 **intombi** kaSenzo uzoxoxa nayo. (4)

7.5 Bhala lezi zinombolo ngamagama

7.5.1 39 (1)

7.5.2 123 (1)

Amamaki esiqephu C= 30

eduresourceza.com